

UBUNYE BOKUHLANGANA



Ngiyajabula ukuba nenhlanhla yokuza eBukhloneni baKho nokuhlangana naWe. Futhi, O Nkulunkulu, kwangathi singaba nenhlanganyelo namhlanje ebusuku ngaseZwini elilotshiwe. Kwangathi uMoya oNgcwele engaphefumulela konke okwenziwe noma kwashiwo. Okodumo lukaNkulunkulu siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

² Bacishe bangibamba ngingalindele. Bengibuka ezansi lapha kumfowethu omncane waseArkansas evela ezansi le kulelozwe elikhulu laseArkansas. Futhi yini oyenzayo phezulu lapha kulelizwe elibandayo empeleni na?

³ Awu, yonk'indawo engiyihambayo, ngihlangana nabantu abavela eArkansas. Kwakungenye yezindawo zami zokuqala ukuyihamba emva kokuba ngishiye iSt. Louis, lapho esasikhona eKeil Auditorium, futhi ngaya eArkansas. Futhi angikaze ngibakhohlwe labobantu, ukuthi bafika kanjani. O, nje, kwakunabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili; iphephandaba lasho, eJonesboro. Nedolobha cishe lingabantu abayisishiyagalombili noma izinkulungwane eziyishumi, ngiqagele, inani labantu. Amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza idolobha, kwakungekho lutho; zonke izindlu zamapulazi zisusuwe, namathende agxunye kiwe nezinto, nabantu abahlala kuwo, ngaphansi kwamadala—kwamadala amatrakhi. Nabantu, lina...Beliyokuna, abantu bebambe iziqephu ezincane zoseyili namaphephandaba ngaphezu kwesixuku sabantu babo abagulayo, bebalindile nje ukuba bakhulekelwe. Akwenzanga nayimuphi umehluko ukuba bangenile kuleliviki noma evikini elizayo. Noma ngabe kwakuyini, bekuyoba kahle. Niyabo?

⁴ Futhi ngiyakhumbula ezansi eCorning. Uhlala eduzane kwalapho, uhlala khona na? ECorning. Ubukeka ngathi... Ngibone okuthize lapho ukuthi ngiqagele lowo kungaba nguDwight Moody, noma uSankey, noma omunye walabo engibabonile ezikhathini zabo.

⁵ Ngangiphandle le ehlane, ngangibuyile futhi ngangisemuva lapho ngikhuleka, ngingedwa, ngaphambi kwenkonzo. Ngibabonile abantu bevela kuleyomigwaqo ewubhuqu, behlela enkonzweni, ngendlela ntambama. Futhi ngiqaphelile amanekazi asemancane, amanekazi amancane amahle, engevile eshumini nesethupha, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, epakisha izicathulo zawo namosokisi amade ngaphansi kwezingalo zawo. Ngaphambi kokuba afike lapho, abeyohlala phansi, athintithe uthuli

izinyawo zawo, futhi agqoke amahosi awo nezicathulo zawo. Ayenepheya elilodwa kuphela, futhi lalifanele lihlale isikhathi eside. Kodwa ayeyithanda ngempela iNkosi.

⁶ Esinye sezimangaliso ezivelele kakhulu engike ngazibona zenzeka eMelika senziwa lapho. Futhi ngifuna ukubuyela emuva eArkansas, ngolunye lwalezizinsuku, ngibe nje nesikhathi sakudala sokuhlanganyela ngaseZwini nabantu bakaNkulunkulu.

⁷ Manje, sibe ngaphambi kwesikhathi kancane nje, namhlanje ebusuku, futhi ngakho-ke sizofunda elinye leZwi likaNkulunkulu laPhakade, njengemvamisa. Futhi ngifuna uku . . .

⁸ Angithi, ngikholwa ukuthi basho, lapha, saba ne . . . Ukwenzile ukumemezela lesosidlo sasekuseni sokukhonza, nokunye nokunye na? [Omunye uthi, “Ya.”—Umhl.] Ya. Kulungile. Lokho kulungile, khona-ke.

⁹ Sifuna ukufunda namhlanje ebusuku kutholakala eNcwadini kaGenesisise. Futhi ngifuna nilalele njengoba sifunda kutholakala esahlukweni se 11 nevesi le 5.

*NeNkosi yehla ukuba ibone umuzi nombhoshongo,
okwakwaxhiwe ngabantwana babantu.*

NeNkosi yathi, Bheka, bonke bamunye, . . .

¹⁰ Ngifuna ukukhuluma, namhlanje ebusuku, ku-UBunye BokuHlangana, manje, njengoba siya ngqo eZwini, okwalesisikhuthazo. Futhi manje ngi . . . Kumangalisa kakhulu, ukucabanga ukuthi, kanjani ukuthi abantu labo abababona lapha wayemunye.

¹¹ Futhi, niyazi, lelo icebo likaNkulunkulu, uNkulunkulu ufuna abantu babemunye. Futhi kuyamangaza ukucabanga, kodwa udeveli uyazama ukwenza icebo lakhe lisebenze futhi enze abantu babemunye ngaphansi kwecebo lakhe. Manje, uNkulunkulu unecebo, nodeveli unecebo. Futhi khona-ke udeveli uzama ukuthola bonke abantu ngaphansi kwecebo lakhe, ngenkathi uNkulunkulu ezama ukuthola abantu ukuba babemunye ngaphansi kwecebo laKhe.

¹² Ngakho kunemimoya emibili emikhulu emhlabeni, omunye yayo ngudeveli, omunye nguNkulunkulu. Udeveli unezithunywa, uNkulunkulu unezithunywa, futhi sisenkululekweni ukwenza ukukhetha kwethu. Kubani esiyokwakhela kuye uqobo lwethu, lowo izinceku zakhe siyizo. Kodwa uma uqaphela njengoba . . .

¹³ Bengishumayela ngeSonto eledlule ngokoma okukubantu, umuntu. UNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome, kodwa ukomela Yena. Yingakho ukoma kwabekwa kumuntu.

¹⁴ Kodwa udeveli uza ngendlela futhi aphendukezele lokho, futhi abangele abantu ukuba bomele yena, ngezinto

zezwe. IBhayibheli lathi, “Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaBaba alukho kini.” Khona-ke, niyabona, udeveli uyaphendukezela. Angeke adala noma yini, kodwa engaphendukezela lokho uNkulunkulu asevele ekudalile. Udeveli akasiye umdali. Ungumphendukezeli nje wokudaliweyo kwasekuqaleni. Futhi siyini isono na? Ngukulunga kuphendukezelwe.

Bangaki abakuqondayo lokho na? Niyabo? Kuhle. Ngiyamangala nje.

¹⁵ NgingowaseNingizimu, futhi sijwayele nje ukuphendula kakhudlwana nje kunalokho. Futhi a—abantu baseNyakatho badla ngoludala. Futhi—futhi ngibe seNingizimu isikhathi eside kuze kuthi ufanele uzejwayeze izindlela zami zangaseNingizimu, noma mina izindlela zakho zeYankee.

¹⁶ Kodwa ngifuna nazi, siyingobile impi. Ya. Asinakuqophisana ngalokho. Kunoyedwa owaseNingizimu ophilayo, futhi abekho oYankee, ngakho siyingobile impi. Ngacabanga ukuthi kwakugadla kakhulu ngenkathi lowoYankee efa, nakuba, nowaseNingizimu wamthumelela itelegramu wayesethi, “UNkulunkulu akubusise, Yankee. Ngithemba ukukubona futhi, maduzane nje.” Lokho, babengekucabange ngani lokho ekuqaleni, niyabo, futhi bakudedele nje kuhambe na? Kodwa ngithanda ukusho lokho, ukuthi kunokukodwa...Kuthathe ubude bempilo, ukunqoba impi, kodwa ekugcineni sikutholile. Niyabo? Kulungile. Kodwa kunesikhathi esikhulu esizayo.

¹⁷ Futhi manje ekukhulumeni nge—ngesitha, ngokuthi kanjani ukuthi uphendukezela ukulunga ekungalungini. Manje, ukuthi, siyisixuku esixubene, kokubili abesilisa nabesifazane, iningi bonke ngabadala, ngakho nginesiqiniseko nizoqonda. Lalela udokotela wakho, ngingumfowenu. Kusemthethweni, futhi kungokomthetho, futhi kungwele, ukuba indoda izithathele yona uqobo unkosikazi, futhi ukuba ihlale nalomkayo. Kodwa omunye owesifazane ebengaba yinto efanayo kuye, kodwa bekuyoba ngukufa ukumthinta. Ulapho umehluko, ukulunga kuphendukezelwe. Yileyondlela sonke isono esingayo, ngukulunga kuphendukezelwe.

¹⁸ UNkulunkulu wakwenza ukuba womele Yena, noNkulunkulu wenza iBandla ukuba libe ngubunye ngaphansi kokubusa kwaKhe. Kepha udeveli ubenza babe ngubunye ngaphansi kwesizinda sakhe.

¹⁹ Futhi manje uma nizoqaphela enkolweni yobuMohamede, ezinye zezinto, ukuba besiyi nje besingathatha isikhathi. Izinto ezinjalo, ukuthi ziphendukezelwa kanjani! Enkolweni yobuMohamede, okungukuthi ngibe nenhlanhla yokuvakashela izwe eduze kwethuna likaMohamede, nasethuneni lakhe bekunehashi elimhlophe belimi lapho imimyaka

eyizinkulungwane ezimbili. Njalo emahoreni amane, ngicabanga ukuthi kunjalo, bashintsha umqaphi, nehashi elimhlophe, liboshelwe, futhi babheke ukuvuka kukaMohamede. Futhi basho ukuthi uyovuka ekufeni, agibele ehashini, futhi anqobe umhlaba.

²⁰ Khona-ke, niyabo, babheke umnqobi ukuba afike, egibele ihashi elimhlophe, nokuthi kuphendukeyelwe kanjani lokho kuthathelwe emBhalweni. Ngoba, “UJesu uyeza, egibele ehashini elimhlophe, izembatho zaKhe zicwiliswe egazini; iGama laKhe, iZwi likaNkulunkulu.” Kodwa, niyabo, udeveli ethathe lokho okucatshangwayo futhi wakuphendukeyela kuMohamede. Kodwa, ngokweqiniso, uJesu uzofika ngehashi elimhlophe. IBhayibheli lisho lokho ukuthi Uzokwenza.

²¹ Futhi ungangenisa yonke inkolo-ze leyo ofisa ukuyifaka futhi ubona izibonakaliso eziningi ezinkulu zobuKristu beqiniso.

²² Manje, embhoshongweni waseBabiloni, uma uzoqaphela lowombhoshongo, kwakungukuqala kweBabiloni; okungukuthi ngizokhuluma kamuva kuleliviki, iNkosi ithanda. IBabiloni, idolobha impela, lasikelwa ngaphandle kwephephethini laseZulwini. Futhi phakathi lapho babenomfula i-Efrawuthe ugeleza ngqo ngasesihlalweni sobukhosi nasengadini, ophambukela engadini. Futhi lokho kwasikwa ngaphandle kwephephethini laseZulwini, ngoMfula wokuPhila, isiHla-... ugelezela ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Futhi niyayibona inzuzo umuntu ayeyenza, wayenza iphephethini, eliphendukeyelwe.

²³ Bese-ke, kulento enkulu, babenendoda eyayibizwa ngoNimrodi. NoNimrodi wayeletha konke okwamadolobha nesizwe ngaphansi kokubusa okukodwa okukhulu, ekhombisa ukuthi kungokucatsangwayo okwenziwe ngumuntu, iphephethini nje.

²⁴ Kodwa iBandla likaNkulunkulu lihlalanga ngaphansi kukaNkulunkulu. Umuntu akahlanganise nalutho naLo. Lihlangene ngaphansi kukaNkulunkulu.

²⁵ NaleliBabiloni, elalingukuqala kwe...Ekudalweni, kuGenesise, sithola ukuthi kuthe ngqo ngale eSambulweni, futhi kukhuluma ngezwe lezenkolo ezinsukwini zokugcina, okungukuthi kumanje, ekugcineni lizohlangana ngaphansi kobuphiki-kristu, inkolo eyenziwe ngumuntu.

²⁶ Kodwa nginokubonga ukusho ukuthi iBandla likaNkulunkulu liyohlanganiswa, nalo, ngaphansi kweHloko eyodwa, uNkulunkulu.

²⁷ Kodwa izinkolo ezenziwe ngumuntu zonke zizoza kulenkolo lobubuphiki-kristu. Kuyoba izinqubo ezimbili zabo. Enye inqubo iyovela eRoma, okungukuthi iyoba isilo. Futhi kunesithombe kuso isilo, okuyoba inhloko yezenkolo

lebandla lamaProtestane, eqongelela njengesithombe kuso isilo, ngaphansi kwezwe lobuhlelo. Futhi konke kuyoza ngaphansi kokubusa okukodwa okukhulu, nomphiki-kristu uyoba nguye oyoqhoqhobaliswa esihlalweni sobukhosi futhi ahlaliswe. U-*Phiki*, “melene,” kucishe kufane impela, kodwa nokho i—i—imfundiso yakhe ayiveli emiBhalweni. ImiBhalo eyenele ukwenza ibukeke sengathi lokho kuqinisile, kodwa iyoba yiphutha.

²⁸ Futhi ngiyazi wena u—wena uthi, “Mfowethu Branham, ubhekisela eRoma manje.” Kunjalo impela. Futhi hhayi iRoma kuphela, kodwa ubuProtestane, nakho. Impela. IBhayibheli lisho njalo.

²⁹ Kodwa nakho lapho okhona, udeveli ehlanganisa abantu ngaphansi kwenhloko yinye, inhloko yinye yezenkolo, umuntu emhlabeni. IBhayibheli lathi, “Uyohlala ethempelini likaNkulunkulu, ekhombisa ukuthi unguNkulunkulu.” Nokuthi ubeyowugqoka kanjani umqhele okathathu, nazozonke lezizinto abeyozenza, “Umbambeli wa—wasezulwini, wasemhlabeni, nesihlanzo.” Futhi ngaphansi kwalokhu bekuyoba i—isithombe kuye, lapho bonke babo beyohlangana ndawonye.

³⁰ Kepha iBandla likaNkulunkulu ophilayo lizohlangana ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu nokuqondisa kukaMoya oNgewele. IBandla likaNkulunkulu liyakuhlanganiswa. O, anijabule na?

³¹ Kulelihora lobumnyama, lapho yonk’into ivala ngci, abantu abanakekeli. Abakwenzi. Kubukeka engathi izinhliziyi zabo ziyaqhela futhi ziqhela kude le kuNkulunkulu. Izwe liya ngokubanda futhi libanda, futhi linganaki, ngoba lezizinhloko zenkolo ziyabumbana.

³² ERashiya, iRashiya izama ukuhlanganisa umhlaba ngaphansi kobukhomanisi, iRashiya. Udeveli olawula iRashiya uzama ukuhlanganisa wonke umhlaba ngaphansi kobukhomanisi. Abasoze bakwazi ukukwenza.

³³ Bese kuthi-ke iU.N., iUnited Nations, izama ukuwahlanganisa ngaphansi kobumbano lombutho wamaphoyisa, enye inqubo eyenziwe ngumuntu. Akusoze kusebenze. Angeke. Kodwa wonke azama ukukwenza.

³⁴ Futhi ake ngisho lokhu ngezinhlonipho, kodwa ngokweZwi likaNkulunkulu, ukuthi sonke isizwe namhlanje sibuswa ngudeveli. IBhayibheli lasho njalo. USathane wakhombisa iNkosi yethu imibuso yomhlaba, futhi wathi, “Zonke zingezami, ukwenza noma yini ngazo engifuna ukuyenza. Futhi uma Uzongikhonza, ngizokunikezela wona wonke kuWe.”

³⁵ Futhi noJesu wayazi ukuthi Wayezowisela indlalifa kubona eMinyakeni eyinkulungwane, ngakho Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane.”

³⁶ Ukuba izwe lalibuswa nguKristu, besiyosonga izingalo futhi bekungayibabikho enye inhlamvu edutshulwayo. Besingeke saba nesidingo samasputhinyi namabhomu ehayidrojini, ukuqhumisa abantu. Uma uKristu eqhubeka nokubusa kwalomhlaba, njengo “Mbusi wababusi neNkosi yamakhosi,” abantu bazohlanguka kuYe, ngaphansi kwesizinda esisodwa esikhulu. Kuyoba isikhathi!

³⁷ Wonke amazwe afuna abantu ukuba babemunye. IJalimane yacabanga ukuthi bonke bafanele ukuba ngamaJalimane. IRashiya icabanga ukuthi bonke bafanele ukuba ngamaRashiya. Umhlaba wangaseNtshonalanga ucabanga bonke bafanele ukuza lapha. Futhi babafuna ukuba bakhulume ulwimi olulodwa, njengoba benza eBabiloni. UNkulunkulu wathi, “Balwimi lunye.” Futhi ubafuna bonke bekhulume ulwimi olulodwa. Babafuna bonke ukuba babemunye abantu abahlangene, kodwa akusoze kwenzeka ngaphansi kokubusa komuntu.

³⁸ Kodwa ngizokusho lokhu, ukuthi kuza isikhathi ngenkathi zonke izizwe zizohlanguka ndawonye ngaphansi kweNkosi eyodwa, nalowo kuyoba nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi bazokhuluma ulwimi olulodwa. Bayoba munye enhlizweni futhi babemunye enhlosweni eyodwa. UDanyeli wabona isiphetho, ngenkathi iTshe lasikwa laphuma entabeni, ngaphandle kwezandla, futhi Lagingqikela kuyo imibuso yomhlaba futhi layihlakaza, futhi yaba njengemfucumfucu kwiphansi lendlu, njengamakhoba epheshulwa ngumoya onamandla. Kodwa iTshe lamboza wonke umhlaba. LeloTshe nguKristu. Kuyoba nesikhathi esithize lapho siyoba yizizwe sinye, abantu banye, iflegi linye: isiphambano esidala esimangelengele. Udumo kuNkulunkulu ophilayo!

Amathemba ami lakhelwe phezu kwalutho
olunye

KuneGazi likaJesu elinokulunga;
Ngenkathi konke okuzungeze umphefumulo
wami kushiya,
Khona Uyithembalami lonke nokuhlala.

Ngokuba kuKristu, iDwala elimile, ngimile;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi
esibishayo.

³⁹ Yonke eminye imihlabathi, amabandla, amahlelo, izizwe, ama U.N., noma yini okungaba yikho, konke isihlabathi esibishayo, kuzofanele kufike esiphethweni.

⁴⁰ Ngike ngaba nenhlahla yokuma eRoma, lapho uKhesari omkhulu owazama ukuhlanganisa wonke umhlaba ngaphansi kombuso wamaRoma. Futhi, namhlanje, ufanele umbe amafidi angamashumi amabili ukushona phansi, ukuthola izimvithi zalelodelobha.

41 Ngama eGibhithe, lapho ofaro abakhulu abazama ukuhlanganisa umhlaba ngaphansi kweGibhithe, futhi umba amashumi amabili namashumi amathathu amafidi, ukuthola izimvithi zedolobha. “Ngokuba lapha asinamuzi oqhube kayo,” kusho iBhayibheli, “kodwa sifuna Lowo ozayo.”

42 Esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi mina ngesinye isikhathi ngaphuma endaweni ngenkathi ngangisengumfana omncane. Ngibone isihlahla esikhulu, lapho engangivame ukuya khona futhi ngahlala ngaphansi kwaleso sihlahla. Futhi ngathi, “Uma sengiyindoda endala, ngizobuya futhi ngihlale ngaphansi kwalesisihlahla esithize, futhi ngiyobheka phezulu emagatsheni aso. Ngiyoncoma ubuhle baso, njengoba nginjalo namhlanje, okomfana oneshumi nambili.” Akusekho lutho olusele lwalesosihlahla kodwa isikhubekiso. Ngani na? Akukho lutho lapha okungaqhubeka. Kufanele ishabalale.

43 Futhi yonke into efayo isho Okungenakufa okuzayo, ngokuba yonke into esiyibonayo iyisenzo esiphendukezelwe sento ethile eyangokoqobo.

44 Ngishadisa izithandani, futhi ngibone intombazane encane ethandekayo ekhophozelayo ebusheni bayo, insizwa enamahlombe aqhothile, bemi kanjalo, bemunye, nezinhliziyabo zishaya ndawonye. Ngiyacabanga, “Akusiso yini isithombe esihle kakhulu leso ukuba uke ushade kuze kube ngukufa na?” Kodwa iminyaka embalwa nje kuze kube izinzwelo zabo zijika zibe mpunga, amahlombe agobe, futhi babuyele othulini. Kuyini na? Yisithombe, ngenkathi bemi lapho, ukuthi kukhona iZwe ngaphesheya koMfula, lapho zonke inkomba zokufa zisusiwe. Lapho, okungenakufa, kuyakuma ofuzweni laKhe, ilanga nezinkanyezi ukuba kukhanyise bha.

45 Leyonkanyezi yokusa enkulu ayikalahli noma yini yobuhle bayo kusukela iNkosi yayiphephetha isuka ezandleni zaKhe futhi wayilengisela ekuzungezeni kwayo, futhi bhaka ukuthi eminyakeni embalwa yenzani kithi. Kodwa Wathini emBhalweni na? Wathi, “Labo abaguqulele abaningi ekulungeni bayokhanyisa bha izinkanyezi.” “Ngakho sibheke uMuzi OMakhi futhi OMenzi kunguNkulunkulu.”

46 Emva kokuba sewubona lento ethile enkulu engizama ukwakhela umqondo wakho kuyo, okwengqikithi, ngizama ukwenza umqondo wakho ubone phandle lapha ukuthi kuno—nokusebenza kwesitha. Nokusebenza kwesitha, ngomoya ophendukezelwe, uzama ukwenza lokho uMoya kaKristu ozama ukukwenza. Isitha siyazama, njengesizathu esimelayo nesiphikisayo, ukuhlanganisa wonke umhlaba ngaphansi kwenhloko eyodwa enkulu. Umhlaba wenza lokho; iRashiya, iU.N. Futhi manje ake ngihambe ngiqhubeke kancane nje. Nebandla lizama ukukwenza, ngaphansi ngokumisa

okwenziwe ngumuntu. Akusoze kwasebenza. Akusilo uhlelo lukaNkulunkulu. Ngingakufakazisa lokho ngeZwi laKhe.

⁴⁷ Kodwa, niyazi, uNkulunkulu wakwenza umuntu, ukukwenza ufise ukuba ngaleyondlela, ukuze kuthi Ubengakugcwalisa ngobuhle baKhe. Manje, uma . . . Umuntu umele agcwale ngento ethize. Kunjalo.

⁴⁸ Lesi isikhathi sokukhetha. Ungeke usama maphakathi nendawo. Ungahle uhambe ngaphambi kokuba umlayezo usuphelile, kodwa ungeke waphumela phandle ngalowomnyango ungumuntu ofanayo ngenkathi ungena. Kunjalo. Uyoweqa loyombundu, namhlanje ebusuku, noma ngabe umuntu ongcono noma umuntu o—omubi kakhulu kunalo obunguye ngenkathi ungena. Ungeke wakusiza. Kukuwe ukwenza isinqumo. Manje, qaphela, yisikhathi sokukhetha. Ungeke waba maphakathi nendawo. Yisikhathi sokukhetha. “Ufanele ukuthe wena namhlanje ukuthi ubani ozomkhonza.” Nodeveli useveze izinto eziningi, okukhangayo, lokho ongakukhetha uma uthanda ukukukhetha. Ungeke wahlala ngendlela oyiyo. Ngoba, ufanele ube . . . uma ungenalutho.

⁴⁹ Manje, ngifisa lokhu kuhlale phakathi kwethu. NeNkosi enhle yaseZulwini iyazi ukuthi angikusho lokhu ukuba nginganaki. Kodwa ngisho lokhu nje ukukhombisa iQiniso. Futhi nabavangeli bethu abakhulu abawela amazwe namhlanje . . .

⁵⁰ Futhi esikhathini esingeside esedlule, ngibe nenhlahla yokuhlala esidlweni sasekuseni naloBilly Graham odumile, lowo engikholwa ukuthi inceku kaNkulunkulu, iya ngale kwamazwe, ibabizela kuKristu, ibizela umhlaba kuKristu nasekuphendukeni. Futhi ngimuzwile esho, ngaphambi kweqembu labashumayeli, ngenkathi esecoshe iBhayibheli, *kanje*, futhi wathi, “Lesi yisi—sibonelo.” Wathi, “UPawulu waya edolobheni futhi waphendula abantu. Wabuyela emuva kamuva futhi wayesenabaphendukile abangamashumi amathathu.” Wathi, “Ngiya edolobheni futhi ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili. Ngibuyela emuva onyakeni futhi anginawo amashumi amabili.” O, ngangifuna kanjani ukusho okuthile! Kodwa lowo kwakungumhlangano wakhe.

⁵¹ UBilly Graham, enomhlayezo wakhe, utshela abantu ukuba bavume izono nokuphenduka besuka esonweni. Futhi lowo ngumlayezo osemqoka. NoNkulunkulu ukhethe uBilly Graham ukuba awenze. Akekho omunye ongakwenza njengoba enzile, ngoba ulandela iNkosi. Usemoyeni kaJohane, okungukuthi, ngaphambi kokufika kokuqala kukaKristu, wahamba ngaphambili futhi washumayela ukuthethelelwa kwesono futhi wangenza zimangaliso, kodwa washumayela

futhi wanyakazisa izinkolo futhi wazilungiselela umlayezo olandelayo.

⁵² Kodwa, namhlanje, njengoBilly Graham, umfowethu othandekayo, njengoba enabantu abazilahla bona uqobo phandle ngesono, akakabi nawo umlayezo wokugcwalisa phama futhi. Yileyo indaba: nilahlwe ngaphandle.

⁵³ Kodwa ake ngikhulume ngokuthobeka kini, njengomfowenu. IBhayibheli lathi, “Uma umoya omubi usuphumile kumuntu, uhamba ogwadule.” Ngamany’amazwi, uyazulazula, yonk’indawo, uzama ukuthola ukuphumula. Umoya awukho mubi kakhulu kuze kube ungathola othile ongakhuluma ngaye noma uphile ngaye.

⁵⁴ Maduzane nje, bengiwuzwa umoya emhlanganweni. Futhi nina nonke abathumela izincwadi phakathi, njengesixoliso sobusuku bokuqala noma obubili, ukukholwa ukuthi kwakuwuhlobo oluthize lokuhlelwa komqondo, futhi manje nikhohlisekile. Impela, ngiyanixolela. UNkulunkulu, uyakwenza, futhi. NeNkosi inibusise. Ngempela.

⁵⁵ Manje, ngenkathi umhlangano uqhubeka, umoya omubi emhlanganweni, lowomoya ucishe impela ungabi nabungozi kuze kube ubamba othile ongasebenza ngaye. Khona-ke ngenkathi ungasebenza ngaye, uyokwenza umonakalo ngempela, ngoba ungumoya omubi.

⁵⁶ NoMoya oNgcwele ulapha, uzama ukuthola othile ukusebenza ngaye. Futhi ngenkathi Uthola othize ukusebenza ngaye, Ungenza okuhle.

⁵⁷ Bukani imimoya emibili, izinjongo zawo, izinhloso na? Bukani ukuthi ukanjani. Bukani imisebenzi yabo. Bukani izithelo zabo, khona-ke ungabona ukuthi moya muni okuwe. Ugqugqumezelwa ngumoya. Uma ungenamoya, ufile. Futhi uma unomoya, ugqugqumezela impilo yakho.

⁵⁸ Futhi uma impilo yakho iveza isithelo somKristu, nguMoya womKristu. Manje, ungagcwaliswa.

⁵⁹ Manje bhekani lomoya omubi. “Uma uphuma, uhamba ogwadule, izingela indawo ukuthola ukuphumula.” IBhayibheli lathi, “Akakakwazanga ukukuthola, ngakho uthi, ‘Ngizobuyela emuva lapho engivela khona.’” Ubuyela emuva kulomuntu oke waba kuye, futhi uthola yonke indlu ishaneliwe, ihlanziwe yonke, ingwelisiwe, konke ukulahlwa kuhambile. O, ikholwa elijabule ngempela nje, kodwa akunalutho. “Futhi wathi, ‘Wozani lapha,’ abanye omoya abayisikhombisa ngaphezu kokuba wawunjalo.” Nizozama yini ukuthola lokhu na? IBhayibheli lathi lelo yiQiniso. UJesu wathi kuyiQiniso. “Futhi uyabuya kulendlu.”

⁶⁰ Umuntu ovumile ukuthi uKristu ukuba unguMsindisi wakhe, ukuyekile okobuthakathaka bakhe, ukuyekile ukuphuza

kwakhe, ukuyekile ukubhema kwakhe, ukuqamba amanga kwakhe, ukutshotsha kwakhe. Usengcwelisiwe, uhlanzwe wonke. Indlu yakhe ishanyelwe yonke. Uzizwa ekhululekile. “Ngakho ubuyabuya bese ethola leyondlu. Futhi uyahamba futhi uthola omoya abayisikhombisa ngaphezu kwalokhu ayeyikho, bese engena kumuntu.” NeBhayibheli lasho, ukuthi, “Ukugecina komuntu kuphindwe kasikhombisa kunokuba wayenjalo ekuqaleni.”

⁶¹ Manje yini eyenzekile nje? Umvangeli uyadlula ngapha, bashumayela ukuphenduka, futhi uhlanza isono sakho. Futhi ngenkathi usuhlanziwe wonke, udeveli uyasuka kuwe. Ubuyisa izinto zakho, owazintshontshayo. Hamba, vuma amaphutha akho kumkakhona noma kumyeni wakho. Uhlanza ngempela. Bese-ke, into yakho ngukuthi, uhlanzekile nje, futhi wenza ukunemba okuhle ngempela kudeveli.

⁶² Manje, “Emva kokuba abantu sebekholiwe futhi babhaphathizwa, bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.” Futhi lolo uhlelo lwaMandla obunkulunkulu kaNkulunkulu. Manje, uma ugcwaliswe ngezwe... Futhi ngenkathi usindiswa, ungahle ukuba ugcwaliswe ngemicabango emihle, nokunye nokunye; kodwa ngaphandle uma ugcwaliswe ngoNkulunkulu! UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele, emhlabeni, ukugququmezela iBandla.

⁶³ Futhi ungahle ukuba ugcwaliswe ngemicabango. Ungahle ukuba ugcwaliswe ngesayense yezenkolo. Futhi ungahle ukuba ugcwaliswe ngemfundo, usiyazi. Futhi ungahle ukuba ugcwaliswe ngenkolo, futhi usalokhu ungokuphophelwe ngudeveli. Kunjalo. Manje, uma... .

⁶⁴ UNkulunkulu wakwenza ukuba ungathulula. Ngokuba, ngenkathi wazalwa, wenziwa waba nendawo ukuba igcwaliswe. Ngokwemvelo, ungumntwana kadeveli. Futhi ngenkathi u... Umvangeli uyadlula ngapha, futhi wena uyaphenduka futhi uthole ukuhlanzwa.

⁶⁵ Niyabona ukuthini? Udeveli uyafika. Ubuyisela kuwe, futhi akuhlalise phakathi kwelinye ihlelo elincane, futhi athi, “IBandla lethu lingelikhulu kunawo onke.” Unephutha, khona lapho, ekuqaleni. Khona-ke uthola ukuxakazeka kwekhanda, incitha-buchopho. “Ngani, akungilahli ngecala ukuhlala ekhaya futhi ngibukele umabonakude. Akungilahli ngecala ukubhema usikilidi wobungani okuncane noma ngithathe uphuzo, kanye esikhashaneni.” Izithelo zakho ziyasho ukuthi ungubani.

⁶⁶ Bese kuthi-ke uyozwa abanye abefundisi bezenkolo bevuka. Futhi ungahle ukuba ufunda iBhayibheli, futhi uyabona lapho uJesu abonakalisa futhi wenza izimangaliso. Ukuthatha ukuyise kumelusi. “O,” uzothi, “manje, bukani. Asikukholwa loKho.” Ungubani u “si” na? Ubani u “asiKukholwa”; yena nobani

na? Akusuye noNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu wakuLoba. Nyuye nomunye umuntu.

⁶⁷ Futhi uma uzoya emuveni lakho, kuyinhloso efanayo eyayisembhoshongweni waseBabele, ukwakha okwenziwe ngumuntu, ukubusa kwasemhlabeni. Kodwa uNkulunkulu akakufuni lokho. Akanifuni nonke nihlangene ngaphansi kweMethodisti, ngaphansi kweBaptisti, noma ngaphansi kwe...noma yini kwezenkolo, inhloko yebandla. Akanifuni nonke nihlangene ngaphansi kweRoma. Akanifuni nonke nihlangene ngaphansi kwe...noma yikuphi ukubusa kwebandla.

⁶⁸ Unifuna nihlangene ngaphansi koMbuso waKhe wokomoya, uMoya oNgcwele. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele efika, izwe liyafa, futhi ugcwaliswa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nodeveli ungumuntu ufanele ahlale aqhelelane nawe. Ungaphansi kwesizinda sikaNkulunkulu. Uyisidalwa esisha. UMoya oNgcwele ungena kuleyondawo engenalutho futhi uyigcwalise yonke.

⁶⁹ Manje, umelusi, noma iyiphi inkolo-ze, indatshana thizeni encane obuyoyifunda, ingahle ithi kuwe, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Leyo yindawo enhle kadeveli ukushelelisa omunye wabo omoya phakathi lapho futhi akwenze umuntu owedlulele kakhulu kunalokho owawuyikho ngenkathi wawuyisoni. Ngani, isoni senkolo singesedlulele kunazo zonke. Yilokho okwedlulele. UJesu washo njalo. Ngumoya owedlulele.

⁷⁰ Khona-ke ungahle uye emhlanganweni lapho amandla amakhulu eNkosi! Futhi into yokuqala obuyoyisho, uma ukubonile, "Manje, ngiyamangala nje. Uma ngixuntshaniswa naloKhu, bayonginika incwadi ebandleni lami." Uyabona lapho okhona na?

⁷¹ Manje, mhlawumbe akwenzi. Kunamahlelo akahle, abelusi abakahle, amaMethodisti, amaBaptisti, zonke izinhlobo ezikholelwa ekunyakazeni okungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu, ezikholwa ukuthi umuntu ufanele azalwe ngokusha futhi agwaliswe ngoMoya oNgcwele. Futhi ngibonga uNkulunkulu ngabobonke babo. Kunabaningi babo abakholwayo. UNkulunkulu unabantwana baKhe bebambeke ndawozonke. Kodwa engizama ukukusho, kwiningi lethu uthola, wonke lawomabandla.

⁷² Ngifuna ukubuza nina bantu beMethodisti, labo abangakholelwa ekuphiliseni ngaMandla obunkulunkulu. Kuthiwani ngoJohn Wesley, umsunguli wenu na? Ngenkathi egibele ihashi lakhe, ukukhulekela owesifazane ogulayo, nehashi lakhubeka emgodini wegofere, futhi lawa lase liphula umlenze walo. UJohn wehla ehashini lakhe, wathatha ibhodlela lamafutha, wayesethi, "Nkosi, Wenzile lelishi, ngokufanayo njengoba Ungenzile," futhi wagcoba ihashi ngamafutha.

Futhi wagibela kulo wayesehamba. Kuthiwani ngalokho na? Ukushumayela ebandleni lamanje leMethodisti namhlanje, bebeyokulahlela phandle emnyango. Ngempela.

⁷³ Kodwa niyakubona ukuthi kuyini na? “Umama-sifebe omdala,” weBhayibheli, iSambulo 17, wayenamadodakazi. Futhi ngempela angidingeki ukuba ngikucacise lokho. UbuProtestane bungumkhiqizo wobuKatolika. Impela, buyiwo. Baveza okuningi kwezinto zabo, futhi basabambebele kukho. Basakwenza, kude le kusuka ekuFundisweni kwemiBhalo, kude le kusuka esiFundisweni sabapostoli.

⁷⁴ Bazenzela bona uqobo isiVumokholo sabaPostoli. Ngifuna noma iyiphi indoda ingitshela lapho abapostololi abake bacaphuna—bacaphuna isivumokholo esinjengaleso. Akukaze, akukaze! Kodwa nibeke phezu kwakho.

⁷⁵ Futhi nibiza abapristi benu, “Baba.” NoJesu wathi, “Ningabizi muntu ngo ‘Baba.’”

⁷⁶ Futhi nina bantu, ninikezela izincwajana zenu zomkhuleko, bobabili iProtestane neKatolika, futhi nisho imikhuleko, futhi nafuthi nafuthi, bobabili iProtestane neKatolika. NoJesu wathi, “Ningathemelezi njengabahedeni; becabanga ukuthi bazakuzwiwa, ngokukhuluma kwabo okuningi.”

⁷⁷ Niyabo, ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama. Kunjalo. Konke kungaphansi kokulahlwa ngecala, konke okucatshangwayo owenziwe ngumuntu. Futhi yilesosizathu emvuselelweni enjengalena, uza edolobheni, lezizihlalo zihleli zingenalutho. Kodwa uNkulunkulu uzoKuthumela, nakanjani, futhi namaphepha azoKusakaza. Futhi ngoSuku loKwahlulela, ngenkathi ubizelwa ukuba uphendule, uyotholwa unecala njengoba babenjalo emuva lapho.

⁷⁸ Akashongo yini uJesu, “INkosikazi yaseSheba, iNkosikazi yaseNingizimu, ivela kude le ezingxenyeni kakhulu kakhulu zezwe,” ehleli emhlane wekameli, izinyanga ezintathu, “ukubona isiphiwo sikaNkulunkulu, okwakunguSolomoni”? Wathi, “Ngiqinisele, Ngithi kuwe, omkhulu kunoSolomoni ulapha.”

⁷⁹ Futhi ngithi, namhlanje ebusuku, ukuthi omkhulu kunoSolomoni ulapha. NguMuntu kaKristu, kuMoya kaNkulunkulu, ebonakalisa futhi esebenza, eveza empilweni yomuntu njengoba Enza lapha.

⁸⁰ UNkulunkulu wakwenzela indawo ebingathululwa nya. Manje, ungeke nje wapholisha yonke impilo endala. Ungeke wanika impilo endala ubuso obusha. Uzofanele afe, nempilo etsha izalwe kuye. Akadingi ukulungisa izinzipho okuthize noma yini eniyifaka ezindebeni zenu, yilokho abesifazane abakwenzayo, niyazi, ukubenza babukeke kangcono. Akadingi ukusongwa kwezindle. Akadingi izinto zodebe. IBandla lidinga ukuZalwa nokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

⁸¹ Nezinwele zakhe zisongekile nezindebe zakhe zipendiwe, usalokhu eyintombazane endala. Usalokhu ungumnqikazi. Usalokhu u, nokunqikaza kwakhe. Unokwesaba kwakhe. Uzithola yena uqobo wonke emathizethize. Futhi akafuni ukulalela iQiniso, ngoba into leyo engaphakathi kuye ngeke yamdedela kukho. Kunjalo. Ngempela.

⁸² Owesifazane ongenasimilo ezitaladini, uyakhuphuka futhi umtshela, “Yeyi, dade, usephutheni.”

Uyothi, “Naka izindaba zakho.”

⁸³ Futhi elinye ilunga lebandla elinguntamo'lukhuni edlulele kasikhombisa kunalowo wesifazane.

⁸⁴ Mtshela, “Kunemvuselelo enkulu eqhubekayo. Ufanele wehlele enzansi. INkosi uJesu izibonakalisile Yona uqobo, iphulukisa abagulayo. Abantu ba, kanjalonjalo, bemukela uMoya oNgcwele.”

⁸⁵ “Qhubeka! Yin’indaba ngawe na? Ngingowebandla. Ngikahle njengawe.” Ngani na? Akazi lutho olunye olungcono.

⁸⁶ Kodwa ukhuluma kowesifazane ohloniphekile bese umtshela ukuthi kuliphutha ukwenza lokho. Uyothi, “Amen. Ngiyazi ukuthi lokho kuliphutha.”

⁸⁷ Futhi utshela owesilisa noma owesifazane, ozalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ukhonselana bona lapha, ukugcwalisa inhliziyoyabo. Bayomemeza kakhulu “amen” kuKho, ngokuba bazondla futhi baphile eZwini likaNkulunkulu. Ngempela, bayakwenza.

⁸⁸ Kodwa, niyabo, njengoba kunjalo ezweni kukanjalo nasebandleni. Bazama ukwakha okuthize. UNkulunkulu akaludingi usizo lwakho ukwakha uMbuso waKhe. UNkulunkulu ufuna wena nje ukuba ushumayeke iZwi. Uzokwenza ukwakha. UnguMakhi. Unamapulani ebekwe avezwa Lapha. Kulungile.

⁸⁹ Senzani khona-ke na? UNkulunkulu wakwenzela indawo ukuthulula konke, okwezinto zezwe. Manje, imvelo ibeka umoya phakathi lapho okwenza wena uthande izinto zezwe, futhi uyazi ukuthi usephutheni uma wenza lokho.

⁹⁰ Noma ngabe uyilunga lebandla, ungaba nje ngokholwayo njengoba ungakwenza, futhi ube nje ngogcwele udeveli, nakho. Kunjalo. Uma ungabaza iZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi laKho liqinisile, ngudeveli ekutshela lokho. Ngempela, kunjalo. Lokho ngubuhlaza. Kodwa yisikhathi, isikhathi impela ukuthi umshumayeli othize omncane oyisitabane akhumule amaglavu erabha akhe futhi washumayela iVangeli ngendlela eLilotshwe ngayo, futhi bayeka ukuzama ukuzungeza kalula ngesipiliyoni sabo sobufundisi.

⁹¹ Ngihlala ngidabukule njalo ngenkukhu yomshini wokuchamusela. Inkukhu eyachamuselwa emshinini

wokuchamusela, zitshiyoza, futhi zingena mama ukuya kuye. Lokho kungibeka emqondweni womshumayeli wesikhungo sobufundisi ongazi lutho olunye ngeZwi likaNkulunkulu kunalokho isikhungo sobufundisi esakusho; etshiyoza, futhi kungekho Mama ukuya kuye.

⁹² Kodwa uma uzalwa ngempela phansi kwamaphiko omusa waKhe namandla, uyovumelana nalo lonke iZwi Alishilo, liyiQiniso. Futhi uma uNkulunkulu enyakaza kokungaphezu kwemvelo, inhliziyo yakho iyolambela kuLo ngqo.

⁹³ Awusoze wehla ecaleni bese uthi, “Ngukufunda umqondo! Udeveli! UBelzabule! Angikukholwa loKho. Ibandla lami aliKufundisi.”

⁹⁴ Niyothi, “UNkulunkulu makadunyiswe njalo njalo,” ngokuba nigcwalisiwe. Ungeke wahlala ungagcwalisiwe ngalutho.

⁹⁵ Ukungagcwaliswa ngalutho kungukungenzi lutho. Lileyo indaba ngabaphendukile namhlanje. Ngokushesha ngenkathi uthola ukuphendulwa, uqala ukuvilapha. Ufanele ukuba ngale lapho usemadolweni akho, ufuna uNkulunkulu okombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuze ugcwalisiwe. Khona-ke usunodonga, uBukhona baKhe obubusisiwe bunawe. Futhi ngenkathi isitha singena, njengengonyama emphandwini ngalobobusuku noDanyeli, ukuKhanya kukaNkulunkulu bakhanyisa futhi uyasuka kuwe. “Uma indoda enhle yomuzi ingakabi nakho kunkanisiwe.” Ngempela.

Manje, besihlangene, ngoSuku lwePhentekoste.

⁹⁶ Noma, ngaphambi kwakho nje, abafundi babehlanzwe bonke, zonke izono zabo zixolelwe. NoJesu, uMelusi wezimvu, isikhukhukazi esidala, njengoba kwakunjalo, njengoba Asho U “beyobe ebaqoqe njengesikhukhukazi,” izibungu zaKhe. Khona-ke, ngenkathi umoya kadeveli wakhishelwa ngaphandle, ulinde isikhathi sokugcwaliswa.

⁹⁷ Futhi, nokho, kukho konke lokho, amadoda ayishumi nambili nje, omunye wabo wayenogcobo lukadeveli, futhi emva kokuba wayesebone uJesu enza yonke leyomisebenzi emihle. Wayenguye impela lowo owaholela amasosha ukubeka iragi ukuzungeza ikhanda laKhe, futhi waMshaya phezu kwekhanda ngomshiza noma induku, wayesethi, “Sitshela ukuthi ubani oKushayile. Sizokukholwa.” Emva kokulandela uJesu futhi ebona izimangaliso zaKhe, futhi ezwa. UMjuda uyanyuka, noJesu uyamtshelela ukuthi wayengubani, uvelaphi. Emva kokubona konke lokho, lendoda efanayo yakungabaza, emva kokuMbona emthonjeni waseSamariya, enowesifazane, emtshela izono zakhe. Futhi uzwa uMfarisi ethi, “Ungumbhuli.” Bese kuthi-ke emva kokubona uJesu othandekayo, owesifazane ethinta ingubo yaKhe futhi ephiliswa, futhi wayesalokhu engakukholwa. Futhi wavumela umoya wokungakholwa ukuba

ungene kuye, ngoba wayalelwa ngaphandle. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁹⁸ O, kuyinto esabisa kanje pho ukungakholwa! Futhi nokho, abantu bavuma ubuKristu, behleli nalokho phakathi kubo. “Namawala, nabakhukhumele,” iBhayibheli lathi, “osukwini lokugcina.” Ngabe ngizizwa ngimangaza ngakho na? Qhabo, mnumzane. Kungenza ngazi lokhu, ukuthi isikhathi sokuphela siseduze. Ngokuba iBhayibheli lathi, “UMoya usho ngokuchachileyo,” uyazi ukuthi igama *ngokuchachileyo* lichazani, “ukuthi ezinsukwini zokugcina,” lokho yilokhu, “izikhathi enzima ziyakufika, ngokuba abantu bayoba ngabazithandayo uqobo.”

⁹⁹ “Ngingu Dkt. Ph.D. Jones, nesipiliyoni sami—sami sobufundisi. Ngi—ngineziqo zami zama zedigri. Ngingu LL, uL ophindwe kabili, uD. Umelusi wethu uyikho konke *lokhu, lokho*.” Lokho akunalutho okukodwa ukwenza noNkulunkulu.

¹⁰⁰ Benginendoda ifika, esikhathini esingeside esedlule, yathi, “Mfowethu Branham, ngingaplastela ubonda ngeziqo.” Futhi yathi, “Ngasonke isikhathi, uma ngithola isiqu sami sobudokotela, ngacabanga ukuthi ngizothola uKristu. Ngenkathi ngithola isiqu sami sokufunda nokubhala, ngenkathi ngithola isiqu ibhashela, ngazingela uKristu kukho konke kwakho. Futhi angikaMtholi nokho.” Wathi, “Ngabe othisha babenephutha na?”

¹⁰¹ Ngathi, “UKristu akaziwa ngaleziziqo zesayense yezenkolo, kodwa Waziwa kumuntu kaMoya oNgcwele okungukuthi kwehlela oSukwini lwasePentekoste.”

¹⁰² Nendoda yawela ngale kwetafula lami lekhofi, ekamelweni lami lokudlela, futhi lapho wamukela uMoya oNgcwele. Amen. Usenkundleni namhlanje ebusuku, eshumayela ukuphiliswa ngaMandla obunkulunkulu, okungenye yamadoda adlulele osuku. Lenzani ibandla na? Liyamxosha, khona ngqo ngokushesha. “Nibusisiwe uma benikhipha emasinagogeni nezinto, ngenxa yeGama laMi.”

¹⁰³ Lokho iBhayibheli elakusho, “Bayoba ngabanamawala, abakhukhumele.” Nini na? “Ezinsukwini zokugcina. Abathandi bethelivishini, ubumnandi, ngaphezu kwabathanda uNkulunkulu. Abahlebi, abangazithibi.”

¹⁰⁴ “Manje ngizonitshela. Ungayi ezansi kulowomhlangano, ngoba akukho lutho kuwo.” Abangazithibi! IBhayibheli lasho njalo. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bephika amandla akho.” Mandla mani lawo na?

¹⁰⁵ Abafundi babuza. Umzuzu nje. Abafundi babuza lombuzo ngenkathi bebone ukuthi uJuda unikele ngaYe nayoyonke into yayiseduze. Bathi, “Nkosi, ngabe ngalesisikhathi Uzobuyisela umbuso kuIsrayeli na?” Bhekani Akusho. “Akusikho okwenu ukuba nazi lelohora. Kodwa yenyukelani

emzini waseJerusalema, futhi niyakuqiniswa ngamandla avela koPhezulu ngaphambi kokuba nibe ngofakazi.” Ufakazi kumele azi okuthile. Ufakazi kumele abe nesehlakalo. Futhi ungeke waba ngufakazi kaKristu kuze kuba uMoya oNgcwele ukubhaphathizile.

¹⁰⁶ UJesu ubengeke avumele abafundi baKhe ukuba bashumayele iVangeli baze babe bamukele uMoya oNgcwele. Nakuba, babehlonishiwe ngokuhamba naYe, iminyaka emithathu nengxenyane. Nakuba babengamadoda angcwele, bemukeliwe emehlweni aKhe, kodwa Wayengeke abavumela ukuba bahambe bashumayele kuze kuba balindile phezulu lapho futhi bathola konke ukwahlukana kusuke kubo, futhi khona-ke uMoya oNgcwele wafika.

¹⁰⁷ Lokho izwe elikudingayo namhlanje yilokho kugcwaliswa okufanayo. Ngenkathi ukulahlela ngaphandle kufika, kudinga ukugcwalisa. Kwenzani lokho kugcwalisa uma Kungena na? Lapho unokungabaza, kuletha ithemba. Lapho unokuyekethisa, kuletha uthando. Lapho ubunenzondo, kuletha inhlanganyelo.

¹⁰⁸ Bese kuthi-ke, uma, iBandla likaNkulunkulu ophilayo ngeliny’ilanga liyohlanganiswa ngaphansi kweNhloko eyodwa enkulu, nalokho kuyoba i-iNhloko kaNkulunkulu. UNkulunkulu, nasebunyeni boMzimba kaKristu, uzoba nguMlawuli noMbusi neNkosi, ngaphezu kwalolonke iBandla, ngaphansi kokulawula kwaKhe. Khona-ke Uyomukelwa phezulu.

¹⁰⁹ Namhlanje, konke okwemibhoshongo yaseBabele abangayakha, konke okwamarokhethi abangakuthola, konke kobusoshelisimu nobukhomanisi lokho abangakubonda, zonke izinqubo zezenkolo zizohluleka. Kodwa kulo lonke unya lwakho, uNkulunkulu uzoba neBandla lihlangene ngaphansi koMbusi waKhe, ngaphansi kokuBusa kwaKhe, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

¹¹⁰ UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela labo abakhulwayo: eGameni laMi bayakukhipha odeveli; bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma bebamba izinyoka noma baphuze noma yini okunobuthi, angeke kwabalimaza. Bayobeka izandla phezu kogulayo, bayakusinda.” Izibonakalizo ezinkulu nezimangalis! “Imisebenzi engiyenzayo Mina bayakuyenza nabo. Nemikhulu kunalena bayakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba. Isikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakungibona Mina, ngokuba Ngizoba nani.” Ini na? Kulahle ngaphandle, thulula konke. “Khona-ke Ngizoba nani, kube sekupheleni kwezwe, ukugcwaliswa.” Ngempela. “Ngizoba nani, ngisho nakini, kube sekupheleni kwezwe.”

¹¹¹ Uma lowoMoya uphakathi lapho, Ubambelela eZwini likaNkulunkulu laPhakade, futhi Ubiza yonke into ephambene naWo inqobo nje uma yayingsikho, akunandaba ukuthi

kwenzani lokho, lokho izwe elikushoyo, noma yini enye into ekushoyo. Uma uNkulunkulu enze isithembiso, umuntu lowo olinde nalowoMoya uyobambelela kulesosithembiso sikaNkulunkulu, ngani akukho lutho olunye endleleni yakhe.

¹¹² IBandla limsulwa. IBandla lihlanjululwa nguMoya oNgewele. Unembeza wabo, ukwesasba kokungabaza nokungakholwa kuyasuswa. Futhi ngenkathi bezwa iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize, bayaLikhola. O! Babambelela kuLo. Abanyakazi nje besuke kuLo nje.

¹¹³ Nezwe namhlanje, mngani wami, lifuna ukubona abantu ohlanganiswe noKristu, ukubonakalisa uMoya kaKristu wangokoqobo. Amaqhawe anesibindi!

¹¹⁴ Sengiyavala, ngingahle ngithi, izwe lifuna ukubona amaqhawe. Bahlonipha iqhawe. Lokho kuhle. Isisho esidala sisho, ukuthi, “Amagwala afa izikhathi ezikasigidi, ngenkathi lapho amaqhawe engafi neze.”

¹¹⁵ Kunendaba efika emqondweni wami. Ngingathanda ukuyicaphuna kini okwemizuzu embalwa nje. Indaba yeqhawe elinokukhohlwakala njalo kakhulu. Abanengi benu madoda, onyaka wami, nani besifazane, nizoyikhumbula kahle ezincwadwini zethu zesikole.

¹¹⁶ Kwakuyiminyaka eminingi eyadlula, eSwitzerland. Abantu abancane baseSwiss babenyukele ezintabeni futhi bazakhela bona uqobo izindlu ethize. Babenezomnotho zabo uqobo ezincane, nokunye nokunye, amakhaya abo amancane. Futhi bawathanda. Babengesibo abantu abalwayo. Babengabantu abanokuthula.

¹¹⁷ Futhi bonke kanye, ngasikhathi sinye, beza eSwitzerland, kwakungumbutho omkhulu. Futhi babengamadoda aqeqeshwe kahle, behleli njengazo izihlalo lapho, njengobonda lwezitini; amahawu amakhulu, imikhonto emikhulu, amadoda empi aqeqeshwe kahle. Futhi bayeza bemashela eSwitzerland, ukuthatha lokhu iSwiss eyayinakho.

¹¹⁸ NeSwiss, ukuvikela amakhaya abo, bevalelisa ngokwanga amakhosikazi abo, nezingane zabo nabantwana, bathatha izingcezu ezindala zezinkemba zesikela elikhulu, amadwala namatshe, imishiza emidala emikhulu, futhi behlela ezansi esigodini, ukuhlangana nempi ebhekene nabo. Futhi ngenkathi sebezihlanganisile phandle lapho, amancane amantwentwesi nje idlanzana lamadoda, futhi ibazungeze bonke kwakuyimpi enamandla imasha. Babengenzani na? Bama bengenathemba, bengenasizo, omunye ebuka omunye. Bamuncwa. Akukho ndlela ngakukho. Babeqediwe.

¹¹⁹ Emva kwesikhashana, kwakunendoda egama layo linguArnold von Winkelried. Wanyathela waphuma ngaphambili, wayesethi, “Madoda aseSwitzerland, ngaphesheya ngale entabeni kunekhaya elincane elimhlophe lapho umkami

nezingane ezincane ezintathu balindile.” Wathi, “Ngenkathi ngivalelisa ngokubanga, kulokhu ukusa, angisophinde ngibabone futhi kulomhlaba.”

¹²⁰ Bathi, “Arnold von Winkelried, uzokwenzani na?”

Wathi, “Namhlanje, ngiyakuyifela iSwitzerland.”

¹²¹ “Awu,” bathi, “Arnold von Winkelried, lokho angeke kwasiza ngalutho. Yingani uthi uzofela iSwitzerland na?”

¹²² Wathi, “Uthatha onakho; igeja lemithi, amasikela amancane amadala, izinduku nemishiza, amadwala.” Wathi, “Ngilandeleni, futhi nina lwanini ngokungcono kakhulu ongakwenza ngalokho onakho.”

Bathi, “Uzokwenzani na?”

¹²³ Futhi watshinga phansi isikela lakhe, into yakhe leyo ayezolwa ngayo. Waphakamisa izandla zakhe, futhi wamemeza kakhulu kuleyompi enkulu.

¹²⁴ Waqalaza. Wabona lapho ubukhulu bemikhonto bungakhona. Wonke nje kwinqombolo yomfaniswano, ebamashelisa khona ngqo phambi kwentaba, beqhubeka, beqhubeka. (O, yileyo ndlela udeveli akwenza ngazo.) Ebamashisela khona ngqo ekhoni.

¹²⁵ Waphakamisa isandla sakhe, wayesememeza kakhulu, “Yenza indlela yenkululeko!” Nempi ephambi kwabo yamangala ukuthi yini. Futhi wayeseqala ukugijima, futhi waphinda wamemeza kakhulu, “Yenza indlela yenkululeko!”

¹²⁶ Futhi ngenkathi efika khona ngqo phakathi kulesisigeyane esikhulu kakhulu semikhonto, lapho eminingi ikhombile, ukumthola, waxhakathisa izingalo zakhe *kanje*, futhi wathola isandla sakhe sigcwele leyomikhonto futhi wayidonsela esifubeni sakhe. Isithombe esinje sobuqhawe bangempela, kwacasula leyompi enkulu, futhi kwabaxosha.

¹²⁷ Nakhu kuza iSwiss, nemishiza nezinduku, futhi yashaya leyompi yaphuma esizweni sabo. Futhi abakaze babe nempi kusukela ngalesosikhathi kuye kulesi, ngoba indoda eyodwa yadlala ingxenye yeqhawe futhi yenza lokho okwakufanele. Lokho akukaze kudlulwe, futhi akuvamile ukuqhathaniswa nakho, njengobuqhawe.

¹²⁸ Kodwa, o, lokho kuyinto encane ekanjalo, osukwini olulodwa, iminyaka eminingi eseyadlula, ngenkathi abantwana bakaAdamu, uhlanga lwalelizwe, sahlehliselwa ekhoni, nokugula nezifo nesono. Babethunyelelwe abaprofethi, futhi bababulala. Futhi bona, zonke izinhlobo zemithetho, futhi babanqaba. Nohlanga lukaAdamu lahlehliselwa ekhoni.

¹²⁹ KwakunoYedwa Owehla eZulwini, wayesethi, “Ngehlela emhlabeni kulolusuku ukuNikezela impilo yaMi.” Wathola lapho ubukhulu bemicibisholo bukhona. Futhi ukwesaba

kohlanga lukaAdamu kwakungukufa. Waxhakathisa ukufa, ngenkathi Eya eCalvary, wayesekudonsela esifubeni saKhe.

¹³⁰ Futhi Watshela abafundi baKhe, “Zithululeni konke manje. Iya ngaleya e...Linda ngaleya kuze kube Ngikuthumelela Okuthile enizolwa ngakho.” Akabusiswe...Uxolo. Alibusiswe iGama leNkosi. Wathumelela uMoya oNgcwele, wayesethi, “Ngilandeleni. Hlukanisa isono nokugula ogangeni.”

¹³¹ Madoda nabesifazane, into enkulu kakhulu leyo eyake inikwa iBandla likaNkulunkulu akusikho ukubamba elinye amaphepha ezenkolo esandleni sakho, kodwa ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu, futhi unqume umbuso kadeveli kuze kuthi uKapteni weNkosi ufikela ukuqhubeka.

¹³² UNkulunkulu akubusise. Ningacabangi ukuthi ngiphambene. Lelo iqiniso. Ngiyakwazi engikhuluma ngakho. Amadoda aqotho; abesifazane, nina enikholwa kuNkulunkulu; nina enizisho ukuthi ninoMoya kaNkulunkulu enhlizweni yenu. Uma nigula noma niswele, ninesikhali lapho ukulwa lokho kugula ngaso. Sikuwe. UNkulunkulu ukunike sona.

¹³³ Sizomelani emuva njengegwala na? Sizomelani eceleni na? Asilandele uKapteni. Asilandele Yena lowo owaya eKalvari. Ngenkanti Eya eKalvari, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaKhe thina siphilisiwe.”

¹³⁴ Thatha lokho Akunika khona, futhi ulwe nokugula nesono. Yilwa uxoshe ukungakholwa. Tshela udeveli ukuthi ungumqambi-manga. UKristu uthe Uselinqobile izwe. “Mkhulu Okuwe kunalo osezweni.” Makhulu kakhulu amandla kaKristu, kuwe, kunalokho kugula lokho onakho emzimbeni wakho namhlanje ebusuku. Makhulu kakhulu amandla kaKristu, kunalokho okuncane, isono esihlaselayo ongakwazi ukusingqoba. Ake sithathe lowoMoya oNgcwele futhi siqumbe udeveli phansi, futhi sihambe singabanqobile, njengamaqhawe esiphambano.

Asikhuleke.

¹³⁵ Jehova, Jehova-rafa, Jehova-jire, siza eGameni likaJesu. Siza ngoba Yena wathi, “Cela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngizokwenza.”

¹³⁶ Nasi isigejane esincane sabantu lapha, namhlanje ebusuku, abayendayendela endleleni, bezama ukuzigcina ngaphansi kwebhanela, nodeveli uyabanximfela. Babuka phandle lapho kuleyompi enkulu ewugange ebazungezile bonke, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi ayikho into enjalo.”

¹³⁷ O Nkosi uNkulunkulu, kwangathi bangaxhakathisa lokho kubamba kwalokho kuPhila okuPhakade okugcwalise inhliziyi yabo, uMoya oNgcwele. Futhi uma Engakaze abagcwalise, kwangathi Akakwenze khona kanje. Kwangathi konke ukunqikaza kungashabalala. Futhi kwangathi lomzimba omncane wabantu, namhlanje ebusuku, ugcwaliswe

ngamandla kaNkulunkulu agcwalisayo, ukuthatha indawo yokungakhohla nokungabaza. Futhi ubanike ithemba, nothando, nenjabulo, nokwenama, noMoya oNgcwele, ukubeka ukubamba kwalesosithembiso leso uNkulunkulu asinikayo, njengo Abrahama wasemandulo, futhi basho izinto, ezingekho, kungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Siphe khona, Nkosi.

¹³⁸ Ngenkathi sinamakhandla ethu ekhotheme, yonke indawo kulesisakhiwo, ngiyazibuza uma bekungaba khona umuntu lapha ongenawo uMoya oNgcwele, namhlanje ebusuku, ubengathi, “O, Nkosi, yiba nomusa kimi. Nginamahloni ukuthi ngiyazula ngakulemibhoshongo yenqubo yezenkolo eyenziwe ngumuntu, kwakho konke lokhu ukungabaza nezinto abakukhiqiza ngakho. Nkosi, ngikhiphe ngaphandle kwalokhu kubusa, namhlanje ebusuku, bese ungibeka phakathi ekubuseni kwaKho, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. NgiWufuna manje, Nkosi. Ngiphe ithemba ukuthi ngikholelwe ukuphiliswa kwami. Ngiphe ithemba ukukhi ngikholwe ukuthi izono zami azisekho, nazozonke lezizinto. Ngiphe ithemba ukuze uMoya oNgcwele uzoza kimi futhi ngezikhukhula ungenise nje umphefumulo wami ngokwenama.” Ningaphakamisela izandla zenu kuYe bese nithi, “Ngifuna ukuMamukela?”

¹³⁹ UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Kusosonke isakhiwo. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nenekazi. Ngilindle. UNkulunkulu ubhekile. Nawe ngapha, wonke lomugqa lapha. Yebo. UNkulunkulu akubusise.

¹⁴⁰ “Ngifuna uMoya oNgcwele. Ngikhathele, ukuzulazula, impilo emaphakathi. Ulaka, nokuphikisana nokukhathazeka, nokungabaza nokwesaba konke kusenhlizweni yami, Mfowethu Branham, kodwa ngikufuna kuphume konke. Ngifuna ukuba yindawo lapho engingaba ukukhanya okukhanyisayo. Ngifuna mina ukuba ngibe, impilo yami, ukuba njengoStefani, ukuthi wayengasabi kanjani.”

¹⁴¹ Bathi ubuso bakhe bakhazimula njengegeleri. Kwakungefanele kube nokukhanya okusobala. Ingelosi ibiyozithoba. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wama phambi kweNkantolo iSanhedrin futhi wathi, “Nina bantamo zilukhuni, abangasokile, inhliziyo nezindlebe! Nala uMoya oNgcwele. Njengoba kwenza obaba benu, nani nenza kanjalo.” Wayeyingelosi. Wayenomlayezo. Igama *ngelosi* lisho “isithunywa.”

¹⁴² “Nginike, ngenzele isithunywa, Nkosi, saMandla obukulunkulu kaKristu, ngoMoya oNgcwele enhlizweni yami.” Bewungasiphakamisa isandla sakho, omunye othile ongakaze na?

143 Izibusiso kuwe, mnumzane. Izibusiso kuwe, nenekazi elincane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. INkosi iyakubona. Kuhle. Kulungile.

144 Manje namakhanda enu ekhotheme, asikhulekele ukuthi uNkulunkulu akugcwalise ngoMoya oNgcwele, khona ngqo lapho okhona.

145 “Mfowethu Branham, ufuna ukwehla, ubeke izandla zakho kimi, ukwenzela uMoya oNgcwele na?” Angidi ukwehla.

146 “Ngenkathi uPetru ekhuluma lamaZwi endlini kaKorneliyu, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo labo abalizwa iZwi.” “Ukukholwa kuvela ngokuzwa,” hhayi ngokubekwa kwezandla, kodwa ngokuzwa, “ukuzwa (ini na?) iZwi likaNkulunkulu.”

147 Ngizamile, ngendlela yami ethobekile, ukunikhombisa imibhoshongo eyakhiwe, imibhoshongo yaseBabiloni ezofanele iwe. Nginikhomba eMbhoshongweni. Futhi munye kuphela umgwaqo oya kuWo, lowo kungoMoya oNgcwele.

148 Ungeke wahlala umaphakathi nendawo. IBhayibheli lathi, kulolusuku, ukuthi, “Wonk’umuntu owayengananyekwanga uphawu ngoMoya oNgcwele uyoba nophawu lwesilo.” Yini uphawu lwesilo na? Ukungakholwa. Anazi yini ukuthi ba...uma abelusi benu benifundisile. ETestamenteni eliDala, ngenkathi icilongo likhalile, uma umuntu wayefuna ukukhululeka, wayengahamba akhululeke. Uma engakwenzanga, wayeya esigxobeni futhi abe nosungulo lubholelwe endlebeni yakhe, ngoba walile ukuhamba akhululeke. Futhi uma wala ukuhamba ukhululeke, khonake uyokhonza leyonduna yomsebenzi lonke usuku lwakho, futhi ulahlekile.

149 “Yini uphawu lukaNkulunkulu, Mfowethu Branham na?” UMoya oNgcwele.

Wena uthi, “Ngabe lokho kusemBhalweni na?” Ngokoqobo, abaningi babo.

150 Ake ngininike owodwa ukuze ningakukhohlwa. Kwabase-Efesu 4:30 bathi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlangwa kwenu.” Nalo uPhawu lukaNkulunkulu. Yilokho engizama ukunitshela khona. Ufunile uPhawu lukaNkulunkulu ukuba lufike osukwini lokugcina. Alukho ebunzini sakho. Ukuthi lwalusebunzini lakho ngu “Iwazi, ukuqonda.” Kodwa iBhayibheli lathi uPhawu lukaNkulunkulu ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi wonke umuntu onaWo, izinhliziyi zabo zikhululekile. Banamekwe ngolwazi lukaNkulunkulu, emabunzini abo, ukuthi bayazi ukuthi uJesu ufile futhi wavuka futhi, ngoba bayakwazi ukuMbona.

151 “Isikhashanyana, nongakholwayo angeke esangibona Mina. Nokho, niyongibona Mina,” labo abanoPhawu, “ngokuba

Ngizoba nani, ngisho nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, ngisho nemkhulu kunalo, ngokuba Ngiya kuBaba waMi.”

¹⁵² Izwe elingakholwa lihamba endleleni ebumnyameni obuyisigayegaye, ngakomunye umbhoshongo waseBabele. Ukuthinta, futhi bayinto ethile enye ngakwenye inkoleloze, noma inkolo ethile. Ngenkathi, ikholwa langempela nezibonakaliso nezimangaliso, futhi kufihliwe emehlweni ongakholwa. Vulani izinhliziyu zenu manje futhi nivumele Yena angene.

¹⁵³ Ngizocela abefundisi, nabo, ezakhiweni, bakhuleke ikakhulu kulesisikhathi.

¹⁵⁴ Lona ngumzuzu omkhulu. Lomzuzu uzobeka uphawu lapho kuyiwa khona, akungabazeki, kwabaningi. Umphefumulo owodwa ulingana namazwe ayizinkulungwane ezilishumi! Mkhulu kangakanani lomzuzu.

¹⁵⁵ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Jehova, finyelela phansi manje nje ngesihawu seNkosi Jesu, OBusisiweyo, futhi uthulule amaFutha aNgcwele kaMoya waKho kuyoyonke inhliziyu lapha, labo abalambile. Kulotshiwe eBhayibhelini, “Ngenkathi uPetru wakhuluma lamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo.” Akumangalisi; bonke babomile. Wena uthe, “Nibusisiwe uma nilamba futhi nomele ukulunga, ngokuba niyakusuthiswa.”

¹⁵⁶ Singakhuluma kanjani nabantu ngoKristu uma bengamomele na? Uma, behleli emicabangweni eyenziwe ngumuntu, futhi benelisekile, bengazi ukuthi ba “dabukile, balusizi, baphukuthekile, futhi baswele, futhi kabakwazi.”

¹⁵⁷ Nkulunkulu, yiba nomusa, namhlanje ebusuku, kulabo abaphakamisa isandla sabo, labo abafisa uMoya oNgcwele ukuba ungene. Kwangathi Angeza, ehlela phansi ngemifudlana yezibusiso zaKhe manje, uthulula kuyoyonke inhliziyu, futhi ubagcwalise ekwenameni okuchichimayo, ukuthi bangazi ukuthi Uyaphila. Banike ukuqonda ukuthi umukelwa kanjani Wena. Banike ukuqonda kokuthi Wena ulapho, ushiseleke kakhulu ukungena enhlizweni yabo kunabo ukuba babena We.

¹⁵⁸ Kwangathi wonke umuzwa omncane oyinqaba, lonke idimoni elihleli ngalapha, linximfa, “Manje, awusoze waweMukela. Ungeke waweMukela.” Kwangathi bengabiza lowodeveli ngo “mqambi-manga.” UNkulunkulu wenza isithembiso, noNkulunkulu uzosigcina isithembiso saKhe. Kodwa singakwenza kanjani, uma sihlala sonke sidonselwe phakathi njengofudu iterrapin egobolondweni lalo na?

¹⁵⁹ Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokhulula lesisixuku sabantu, futhi uthumelele phansi uMoya oNgcwele uvela koPhezulu, ngokukhulu ukuvunguza okunamandla phezu kwabo. Kwangathi izinhliziyu zabo zingavuleka manje.

Futhi uma bengamukela kuphela uMoya oNgcwele, iNkosi, Uzomemezela kubona ukuthi zonke izibusiso zikaNkulunkulu zingezabo. Siphe khona, Baba, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

¹⁶⁰ AniMthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakukholwa ukuthi Lokho yiQiniso na? [“Amen.”] Angikakhulu ukuba ngumshumayeli wezenkolo. Ngi . . . Kodwa engi . . .

¹⁶¹ Ukuba bengingazwakalisa kuphela lokho engikubonayo enhlizweni yami! Ngibona isikhathi sokuphela. Ngiyazi ukuthi uMlayezo uqinisile. Ukuba bengifa kulelihora, uMlayezo uqinisile. Niyabo? Futhi ngiyakholwa ukuthi amehlo abantu, izikhathi eziningi, aphuphuthekisiwe. Kodwa, uNkulunkulu ulungile, kuwo wonke unyaka. Wathumela uNowa. Bangaki owasindiswa na? Bangaki owasindiswa ngezinsuku zilaLoti na? UJesu wathi, “Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Ngempela, niyabo, idlanzana nje. Kodwa uMlayezo waqhubeka, ngokufanayo nje.

¹⁶² Manje lalelani. Bangaki abakholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha na? Ake sibone isandla sakho. Bangaki abakholwa ukuthi Ungu*Jehova-Rafa*, “umhlatshele weNkosi ohlinzekelwe”? Bangaki abakholwa ukuthi Ungu*Jehova-Jira*, “iNkosi ekuphilisile”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁶³ Lalela, mngani. Izikhathi eziningi kakhulu, inkonzo yami eMelika ayikaze ibe namandla, ngoba kubukeka sengathi abantu udideke ka—kakhulu. Oyedwa ufundisa enye into, nomunye nomunye, esukhundleni sokuhlala phansi futhi bathathe iBhayibheli futhi uzifundele Lona wena uqobo, niyabo, futhi nokukholiswa ngoMoya oNgcwele. Manje, bukani. Awudingi . . .

¹⁶⁴ Nifundisiwe, “Abantu ubeka izandla kuwe.” Lokho kuhle.

¹⁶⁵ Inkonzo yami ngukufakazisa ubufakazi bukaJesu Kristu evusiwe ekufeni.

¹⁶⁶ Manje, omunye wenu ucabange ukuthi beKungukufunda umcabango. Ningibhalele izincwadi zenu namhlanje futhi nasho njalo. Izolo ebusuku, ngithathe abantu ade benamakhadi okukhulelwa, futhi ngabaphindisela emuva, futhi ngathola nje labo abangenamakhadi okukhulelwa.

¹⁶⁷ Mngani, ake ngisho kuwe, njengenceku kaKristu. Lapha kuhleli uGene noLeo, umngani wami wesifuba. Lapha nguDkt. Vayle. Indodana yami, uBilly. Lapho nguMfowethu Sothmann, umphathi weCanadian. Mfowethu, Mfowethu Norman, lowo onalomhlangano phezulu. Amadoda amaningi. Fonela idolobha lami. Fonela usodolobha, uMnu. Hodenpehl. Fonela ijaji. Fonela umbutho wamaphoyisa. Fonela uDkt. Sam Adair, udokodela omkhulu kunabo bonke eNingizimu, umtholampilo omkhulu. Babuze ukuthi nhloboni nokuthi imiphi imibono eyenzakalayo. Babuze uma kuyiqiniso.

168 Fonela uDkt. Sam Adair, namhlanje ebusuku, mbuze akwenzayo uma engena endaweni enzima. Wenyukela endlini yami, aguqe phansi ngamadolo akhe, futhi nango elele phambi kukaNkulunkulu, yena nami, kuze kuba uNkulunkulu ukhombisa umbono. Futhi mbuze uma kwake kanye kwahluleka. Mfonele, ngezindleko zami.

169 UDkt. Sam Adair uphethe umtholampilo omkhulu lapho. Mbuze ukuthi wake wawuthola kanjani umtholampilo lapho. Ngenkathi enyukele endlini yami, ekhala, futhi wathi, “Idolobha lidinga umtholampilo.” Futhi ngamtshela khona ngqo lapho owawuyokwakhiwa khona, futhi ubezowakha. Wathi, “U—ungeke wathenga leyondawo,” wathi, “iminyaka engamashumi amabili nanhlanu kusukela manje. Isezinkundleni eBoston.”

170 Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI. Izoba ngeyakho ngaphambi kwamahora angamashumi amabili nane.” Ngathi, “Uzoba nomtholampilo lapho, uzokwenziwa ngesitini esibomvu. Uzoba nesayini emnyango, nokunye nokunye, futhi kanjalo.”

Wathi, “Billy, Bengingeke ngakungabaza ngalutho, ndodana.”

Ngathi, “INKosi ikunika khona, dokotela.”

171 Mfonele, namhlanje ebusuku, futhi umbuze ukuthi kwenzakalani. Ukusa okulandelayo wangifonela, wathi, “Ngigodolela ukufa. Bavele bangifonela nje. Futhi okuthile kwenzekile izolo ebusuku, futhi sesivele siyithengile indawo.”

172 Buza ngezindaba azithumelayo phezulu lapho nomdlavuzi, udla konke, kungekho themba sanhlobo. Sizokhulekela phezu kwakhe. Bangixosha esibhedlela. Sizoya ekamelweni futhi sivale umnyango. INkosi izoveza umbono, ngabe ithi ngenkathi nje behamba noma lokho nje okuzokwenzeka. Mbuze uma kuke kwahluleka.

173 Lokhu kuncane nje lapha. Lena yi. . . Lokhu ngokuncinyane engike ngakubona kwenziwa kunoma iyiphi eyemihlangano yami. Kunjalo. Ngizamile konke ukuthola into iphukile. Ngiyenyuka, futhi ucabangile, “amakhadi okukhulekelwa.” Ngiphendule amakhadi okukhulekelwa ngapha. Ngizama konke. Ngilapha njengenceku yakho nomfowenu, lezizinto lapha.

174 Nangu uBanks Wood ehlezi lapha ndawondawo, umdayisi wami wencwadi.

175 ULeo, uGene, naba abafana ababili lapha, omunye iKatolika, nomunye angicabangi ukuthi ungowanoma yini. Ngenkathi befika eHammond, eIndiana, futhi babona uMoya oNgeweze, kubona abantu abayizinkulungwane, bememeza, iminyaka embalwa edlule. Omunye wabo ukhulise intshebe enkulu kakhulu. Bazisungulela iF.B.I. engeyabo uqobo, ukwehla futhi babone ukuthi zona izinto zaziyizo. Benyukela endlini

yami, bezithwesa njengabavangeli, nokunye nokunye. NoMoya oNgcwele wehlela phansi ngqo futhi wakuveza. Nampa lapha, behleli lapha manje. Niyabo?

AwuKumeli ngani na? Yin'indaba na?

¹⁷⁶ UMnu. Wood, ulapha ndawondawo, wayengitshela, ehleli khona lapha. Ezanzi le eLouisiana, ngambona ethola ukulimala. Ngamfonela ocingweni, futhi ngamtshela ukuba abheke. Usuku olulandelayo, wajumpula isithupha sakhe. Ubeyojumpula ingalo yakhe; uMoya oNgcwele. Ubusuku obumbalwa obedlule, ngenkathi ngiseChicago, ngimbonile ephakathi kwentuthu, futhi ngamtshela ukuba aqaphele. Ubeyothola ubuthi bensizi khona lapho. Futhi waya kulesosixha sentuthu, futhi wacisha wafa khona lapho.

¹⁷⁷ Buza ukuthi izinto zishiwo kanjani ngaphambili, amaviki emva kwamaviki, nezinyanga emva kwenyanga, ngaphambi kokuba zike zize zenzeke.

¹⁷⁸ Kamuva, iviki, ngizonikhombisa ukuthi kuyini lokhu. Lokhu ngukukholwa kwakho; futhi yilesi sizathu izinto zingenzeki. Nguwe uqhela kuMoya oNgcwele. I... UJesu akakaze abone umbono ngowesifazane. Kwakungukukholwa kwakhe okwaMthinta. Yilesosizathu Waphelelwa ngamandla. Ngukukholwa kwakho okukwenzayo, hhayi okwami. Nguwe okwenzayo. Futhi uma uqhelisa imizwa enokwesaba kalula kuwe, futhi umkholwe ngempela uNkulunkulu, lento iyohlukana iye kweyodwa enkulu kakhulu imvuselelo kahaleluya, nezinyonga, impumputhe, ukubanga ingxabano, nayo yonke into iyokwenzeka. Kodwa inqobo nje uhlala ehlokweni, Angakwenza kanjani na?

¹⁷⁹ Ngiyakholelwa ekudleni ngoludala. Kodwa, hhayi kuphela lokho, lezozinto zakudala zikunika umoya wenkolelo-ze. Ungangitsheli. Ngimi lapha manje. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. UMoya oNgcwele ukhona lapha kulesisakhiwo, khona manje, uzophilisa ngamunye wenu khona lapho ohleli khona, uma uzokukholwa. Usevele ukwenzile. Bangaki abakhulwa yilokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakukholwa na? ["Amen."] Kulungile.

Ngizobona ukuthi nikhulwa kangakanani.

¹⁸⁰ Khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje. Bekani izandla zenu komunye oseduze kwakho. Manje qhela nje kuyoyonke inkolelo-ze. Ungaphansi kokubusa kukaKristu. "Uma ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi, Ngizoba phakathi kwabo."

¹⁸¹ Ungahle ungibize ngomzenzisi, kodwa uzothola emzuzwini. Ngibona abantu khona manje bephiliswa, kunjalo, khona manje. Ungahle ungakuqondi khona manje. Kodwa uma abelusi kulesisakhiwo bengaboni abantu beza kubo emva kokuba sengihambile, babatshele ukuthi izinkinga sesisu nezinto

ezinjengalezo zibashiyile, ngingufakazi wamanga. Kunjalo. Kunjalo. Ngiyakubona. Ngiyakubona khona manje, kwelinye izwe.

¹⁸² Niyakholwa. Niyakholwa. Impela, uma ompofu ongazi uHottentot eAfrika, ongazi ngisho ukuthi isiphi esokunxele noma isandla sokudla, engaKwemukela, kuthiwani ngani enikwazi ukufunda iBhayibheli futhi nafundiswa ngobuKristu na? Uma lowomfo ompofu efanele akholwe, isikhathi esisodwa nje eKubuka, ngani ngifanele ngiye kwenye indawo ethize ngosuku olulandelayo, futhi izinkulungwane zivuka ezihlalweni ezinamasondo, nabakhubazekile nabayizimpumputhe, futhi kuthiwani ngawe na?

¹⁸³ O Nkulunkulu, Unesihe esingakanani, “Ubekezela kanjani, ungafisi namunye ukuba abhubhe.”

¹⁸⁴ Manje hlala phansi, usondele phakathi noNkulunkulu. Vuma isono senu. Vuma ukungakholwa kwakho. Tshela uNkulunkulu ukuthi unamahloni ngawe uqobo, ngokungakholwa kwakho. Ngikuphosela inselelo ukuba wenze lokho, futhi uzobona inkazimulo kaNkulunkulu.

¹⁸⁵ Ngizizwa ngigcotshiwe khona manje ukwenza okuthile okwehlukile kunalokho engake ngakwenza. Angikaze ngikwenze lokhu, empilweni yami, kodwa ngizizwa ngiholeleka ukukwenza manje.

¹⁸⁶ Vuma isono sakho khona manje. Yithi, “Awu, ngingumKristu.” Vuma ukungakholwa kwakho. Tshela uKristu ukuthi ngeke ungasaMkholwa futhi. Khona manje uyaMemukela. Khona manje kuzodlula. Awusoze wakhononda ngakho, futhi. Akunandaba ukuthi kubukeka kanjani, ukuthi kuzwakala kanjani, uzoKukholwa, ngoba uNkulunkulu ushilo. UNkulunkulu ushilo.

¹⁸⁷ Uphumile embhoshongweni waseBabiloni. Uphumile esigodini lapho uMnduze weSigodi ukhona. Ufike ecaleni lentaba lapho umusa kaNkulunkulu ugeleza ngokukhululekile uvela eMthonjeni wokuPhila.

¹⁸⁸ Vuma amaphutha akho. Yithi, “Nkulunkulu...” Uma wenze noma yini kothile, yithi, “Ngizobuyela emuva bese ngikulungisa.” Yenza lokho manje.

¹⁸⁹ Ngifuna ngamunye wenu manje, njengoba ngisho lomkhuleko, ngifuna wena uwukhuleke. Wusho kakhulu, kanye nami. Ngizowusho nje, kodwa wukhuleke uvela enhlizweni yakho, nekhanda lakho likhotheme, amehlo evaliwe, wonke umuntu. Ungalivusi ikhanda lakho ngize ngisho njalo. Ngiyabheka nje ukubona engingakubona. Shono lokhu, emvakwami.

¹⁹⁰ Nkulunkulu uSomandla, [Ibandla lithi, “Nkulunkulu uSomandla,”] Mdali wamazulu nomhlaba, [“Mdali wamazulu

nomhlaba,”] Mqambi wokuPhila okungunaphakade, [“Mqambi wokuPhila okungunaphakade,”] Mnikezeli wasosonke isipho esihle, [“Mnikezeli wasosonke isipho esihle,”] yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu. [“yiba nomusa kimi, O Nkulunkulu.”] Xolela ukungakholwa kwami. [“Xolela ukungakholwa kwami.”] Ngikhoholwa iVangeli. [“Ngikhoholwa iVangeli.”] Ngikhoholwa ukuthi Ulapha. [“Ngikhoholwa ukuthi Ulapha.”] Ngikhoholwa ukuthi manje Wenza iZwi laKho [“Ngikhoholwa ukuthi manje Wenza iZwi laKho”] emzimbeni wami. [“emzimbeni wami.”] Vula imigudu. [“Vula imigudu.”] Ngithulula konke ukungakhoholwa kwami. [“Ngithulula konke ukungakhoholwa kwami.”] Ngemukela uMoya waKho. [“Ngemukela uMoya waKho.”] Ngikhoholwa ukuthi Ukimi manje. [“Ngikhoholwa ukuthi Ukimi manje.”] Ngikhoholwa ukuthi ukugula kwami kuzoshabalala. [“Ngikhoholwa ukuthi ukugula kwami kuzoshabalala.”] Kungaba kanjani ukufa nokuphila [“Kungaba kanjani ukufa nokuphila”] kuphile emzimbeni wami [“kuphile emzimbeni wami”] uma Uphakathi lapho na? [“uma Uphakathi lapho na?”] NgiyaKukholwa. [“NgiyaKukholwa.”] Futhi ngimukela Wena manje [“Futhi ngimukela Wena manje”] njengoMphilisi wami. [“njengoMphilisi wami.”—Umhl.]

Manje gcina ikhanda lakho likhotheme.

¹⁹¹ Lowo umkhuleko wenu. Lowo umkhuleko wenu. Manje ngizonikhulekela. Yibani nilokhu nivalelwe. Nigcinwe nivalelwe noNkulunkulu. Ungabi nalutho olunye emqondweni wakho manje. Ukanye nawe, khona lapho ngakuwe. Wena yithi, “Ngifuna uMoya oNgcwele, Mfowethu Branham.” Kulungile. Ukhona lapho ukunikeza ngaWo. Wena yithi, “Ngifuna ukuphiliswa emehlweni ami, Mfowethu Branham.” Ukhona lapho ukunikezela khona. “Ngifuna ingane yami iphiliswe.” Ukhona lapho ukuba akwenze. “Ngifuna umfowethu, umama wami.” Ukhona lapho ukuba akwenze, khona lapho. UJehova-jire, uMnikelo wokuhlantshwa ohlinzekelwe!

¹⁹² Manje, ngizonikhulekela. IBhayibheli lathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa.” Uma ngifumana umusa emehlweni akho, ngokusebenza kukaMoya oNgcwele, ngizokhuleka ngayoyonke inhliziyi yami khona manje ukuthi uMoya oNgcwele uzofakazisa kini ukuthi umsebenzi usuqeduwe.

¹⁹³ O Nkulunkulu, Baba wami, ngiza eGameni likaJesu, ukukhulekela lona abantu manje ngobuqotho nokuzithoba wavuma amaphutha abo. O Nkulunkulu obusisiweyo, kwangathi lokhu kungaba ubusuku ukuthi abasoze babukhohlwe. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza kuyoyonke inhliziyi manje nje futhi ukhiphe konke nje, yonk’into, nakho konke ukugula emzimbeni yabo.

Manje ngiphonsela inselelo udeveli enkulumweni-mpikiswano.

¹⁹⁴ Sathane, uyaqonda ukuthi ubhaxabuliwe. Awunalungelo langokomthetho. UJesu Kristu, iNkosi yami, yakuhlubula lonke igunya owawunalo, ngenkathi Efa eKalvari ukususa isono nokugula. Futhi awulutho kodwa umkhohlisi, futhi sibiza ukukhohlisa kwakho. Uyazi ukuthi ngenkathi iNkosi yethu ifika esihlaheni, Yasiqalekisa isihlahla. Usuku olulandelayo sasibuna. NeNkosi yethu yathi kubafundi baYo, “Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba niyakuthi, niyakuthi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ningangabazi enhlizweni yenu, kepha nikholwe enikushilo kuzokwenzeka, ungabanakho lokho okushilo.”

¹⁹⁵ Sathane, uyawazi umBhalo kulokho. Futhi ngimfundisile nje abantu, ukuthi, uNkulunkulu ukubo. Futhi uma uNkulunkulu ekubona, futhi bakhuluma kulesosifo futhi bathi, “Qhela kimi,” futhi bengangabazi enhlizweni yabo, khona lapho lesosifo sifanele sinyakaze, ngokuba uKristu usho njalo. Ngokuba, akusibo abakhulumayo. NguBaba ohlala kubo, lowo okhulumayo. Baswele. Ngakho-ke, phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu. Ngisho, njengenceku kaNkulunkulu, ngoMlayezo ovela eNgelosini Eyagcoba futhi efakazisile kubantu ukuthi uJesu ulapha noMlayezo uyiwo. Ngakho-ke, phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu. Ngiyakuyala ngegunya ukuba uyeke wonke umuntu ogulayo futhi uye ebumnyameni obungaphandle, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

[Ukubhonga koMoya omkhulu oNgcwele kuyazwakala—Umhl.]

¹⁹⁶ Ngabe nikuzwile Lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngineqiniso ukuthi nikuzwile Lokho. Bangaki abakuzwilwe lokho kuBhonga okukhulu kudlula esakhiweni khona manje nje na? Lokho beku yiWo. Ngempela angeke usaphinde ungabaze. Lowo bekunguNkulunkulu, ekhuluma emuva. Aniboni na? [Ibandla liyajabula.]

¹⁹⁷ Vukani. Niyakholwa ukuthi niphilisiwe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukholwa ukuthi uNkulunkulu uphendule umkhuleko na? Phakamiselani izandla zenu kuYe. Mbongwe ngakho. [Ibanda liyajabula.] Kuphelile. Niphilisiwe.

¹⁹⁸ UJesu wathi, “Uma niyakuthi.” Kuyini na? Uma uphumile eBabiloni, uphumile ngaphansi kokungakholwa. Uphumile ngaphansi kwezikholelo-ze. Uphumile ngaphansi kwazozonke lezizinto. Futhi ugwaliswe ngeMpilo kaNkulunkulu uQobo. Iphimbo lakho yiPhimbo laKhe. Unjalo.

¹⁹⁹ Ngikukhulumile. Ekamelweni lami, esikhashaneni esedule, uNkulunkulu ungitshelile ukuba ngenze lokhu. Futhi nakhu lapho Okhona. Ukuqinisekisile khona manje. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Futhi alibusiswe iGama leNkosi. O, isikhathi esinjena pho! Leso isikhathi sokuqala esenzekile kusukela eNingizimu Afrika. Koze kube

nini uphumputha ekungakholweni na? Uthole lokho na? UMoya omkhulu ushanyeke wonke umsamo lapha manje nje, njengoMoya oNgcwele unqamule ngapha, ngoba kwakuYizwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe elakwenzayo. Amen.

²⁰⁰ Bangaki abenu abaphilisiwe na? Phakamisa izandla zakho. Bangaki abezwa ukwehluka emzimbeni wakho na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nakho lapho okukhona. Manje usuphilisiwe ngodumo lukaNkulunkulu. Bonke labo abezwa ukwehluka, uma ubunganyakazisa ingalo yakho, inyakazise. Ukuba ubungezwa ngendlebe yakho, faka umunwe wakho endlebeni futhi ulalele. Uyezwa. Uma ubungakwazi ukuhamba, mana ngezinyawo zakho. Uma ubuphuphuthekile, susa izisitho zakho emehlweni akho. Uyabona.

²⁰¹ UMoya oNgcwele udlule kulendawo manje nje ekuqinisekiseni kweZwi. Haleluya! Malibongwe iGama leNkosi. OkusaMoya omkhulu kuye ngale kwesakhiwo. Bangaki abakuzwile Lokho ngekathi Kuhambe ngapha na? Phakamisa isandla sakho. Yibaqotho nawe uqobo. LowoMoya omkhulu odlule esakhiweni, lowo nguMoya oNgcwele. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Kusho, futhi kuyakwenzeka.” NjengoMoya omkhulu kakhulu othandekayo uhambe “whewu,” khona lapha ezansi unqamula ngapha, futhi ngiWuzwile njengoba Unqamule ngasezethamelini. NiWuzwile futhi naWuzwa, futhi. NgubuKhona baKhe.

²⁰² Bonke manje ozwa umehluko, bonke manje ozwa ukuthi uphilisiwe, bonke manje abezwa ukuthi uKristu ukuwe!

²⁰³ Bekuyini Lokho na? NjengoMoya oNgcwele ufika ngoSuku lwePhentekoste, wehla khona phansi, uMoya omkhulu owashanela konke lapha. Bangaki owufakazi waWo na? Phakamisa isandla sakho. Nonke, uqotho enhlizweni yakho. Nakho lapho okukhona. Ushanele khona sonke isakhiwo khona-ke. NguMoya oNgcwele ofanayo. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UMoya oNgcwele ofanayo ofika ngeZwi elifanayo. Malibusiswe iGama leNkosi. Amen.

²⁰⁴ Bonke okholwa ukuthi uphilisiwe, mana ngezinyawo zakho. Wonke ukholwayo ukuthi uzwa umehluko, ya, ukuthi uphilisiwe khona manje, mana ngezinyawo zakho. [Ibandla liyajabula—Umhl.] Amen. Amen. Yilokho. Amen. Ngenkathi besalindile, njengoba uqala ukuzwa ukwehluka! Uma ubuphethwe ikhanda, uma sekuhambile, sukuma. Uma ubugula esiswini sakho, sukuma, uma sekuhambile. Sukuma njengofakazi. Nakho lapho okhona. Kwenzani na? NguMoya oNgcwele okwenzile. Amen. Ugcwaliswe ngokulunga kwaKhe! O, hhe!

²⁰⁵ “Lena indaba yami, leli iculo lami.” O, anizizwa nikahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

. . .-ba, leli iculo lami (Wonke umuntu.),
 NgiDumisa uMsindisi wami usuku lonke;
 Lena indaba yami, o, leli iculo lami,
 NgiDumisa uMsindisi wami usuku lonke.

Asilicule futhi, wonk'umuntu. Licoshe.

Lena indaba yami, o, leli iculo lami.
 (Wonk'umuntu.),
 NgiDumisa uMsindisi wami usuku lonke;
 Lena indaba yami, o, leli iculo lami,
 NgiDumisa uMsindisi wami lonke. . .

²⁰⁶ Kuzwalala kanjani ukuphiliswa na? Vayizisa izandla zakho kuYe, kuzwakala kanjani ukuphiliswa. Buka nje lapho. Ngitshele ukuthi udeveli akanqotshwanga na? Ngempela, unqotshiwe. Amen. [Ibandla liyajabula—Umhl.]

²⁰⁷ Uyamangalisa. O, hhe! Sinike ishuni ka, “Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu ukimi.” Bangaki owazi leloculo na?

Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu ukimi,
 Meluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu
 onaMandla.

Kulungile. Uyalazi, dadewethu na? Kulungile.

Uyamangalisa, uyamangalisa, uJe. . .
 Meluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu
 oNamandla nguYe;
 O, engisindisa, engisusa kusosonke isono
 nehlaho,
 Uyamangalisa, uMhlengi wami, malidunyiswe
 iGama laKhe!

O, uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu ukimi,
 O, Meluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu
 oNamandla nguYe;
 O, engisindisa, engisusa kusosonke isono
 nehlaho,
 Uyamangalisa uMhlengi wami,
 malidunyiswe. . .

²⁰⁸ Okwenzuzo, uma kungaba khona umnqikazi emi ngapha, okungukuthi, ngiyakuzwa enhlizweni yami manje futhi kumelene noMoya wami. Omunye ucabanga ukuthi lokho kuBhonga okudlulile khona nje bekubangelwa ibhanoyi noma into ethile.

²⁰⁹ UNkulunkulu, OnguMahluleli womcabango wami, lowoMoya odlulile ngakulomsamo, waze waphephetha ibhantshi lami ngakimi, futhi waBhonga ngale kulesosakhiwo khona lapho. NgiWuzwile, ngaWubona, futhi Uphumile. Bangaki ongufakazi manje na? IBhayibheli lasho, “Umlomo wababili noma ofakazi abathathu.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngokoqobo akusikho. . . NguMoya oNgcwele.

²¹⁰ Niyakhumbula ngenkathi uJesu ekhuleka, ngesinye isikhathi, futhi kwakhona ukuBhonga kuvela eZulwini na? Bangaki okhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi abanye babo bathi, o, okuthile, o “dumile” noma okunjengalokho. Kusenjalo. Imimoya enqikazayo isekhona.

²¹¹ Kodwa, uNkulunkulu usekhona, futhi. Ukhona lapha. UMoya ovunguzayo omkhulu kakhulu ofanayo owehla uvela eZulwini ngoSuku lwePentekoste ukhona lapha ukufakazisa leyonto efanayo futhi. UNkulunkulu uSomandla unguMahluleli wezinto zonke. Amen.

²¹² NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Mayidunyiswe iNkosi. Kulungile. Wonke umuntu finyelela ngale futhi uxhawule izandla omunye nomunye ngenkathi sisacula *Uyamangalisa* futhi. Nina maMethodisti namaBaptisti lungisani manje. Kulungile.

Uyamangalisa, . . .

O, phendukelani ngakwesokudla, uxhawule izandla nawowonke umuntu okuzungezile.

. . . mi,

Meluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu
oNamandla nguYe;

O, engisindisa, engisusa kusosonke isono
nehlazo;

O, uyamangalisa uMhlengi wami,
malidunyiswe iGama laKhe!

²¹³ Mayidunyiswe iNkosi. Nizizwa nikahle manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”] Yonk’indawo, ukungabaza kuhambile na? Vayizisa izandla zakho kuYe. “Konke kuhambile. Konke konke ukungabaza kuhambile.” [Ibandla liyajabula—Umhl.] O, hhe! Kuyamangalisa! Kuyamangalisa! Kuhle! “Konke ukungabaza kuhambile.”

UNkulunkulu akubusise, Dkt. Vayle.



UBUNYE BOKUHLANGANA ZUL58-0128
(The Oneness Of Unity)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngolwesiBili kusihlwa, ngoJanuwari 28, ngo 1958, eThe Hippodrome eWaterloo, eIowa, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org